**AMAZWI KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMHLANGANWENI WOKUKHUTHAZA UKUBEKEZELELANA KWEZEPOLITIKI EMTSHEZI MHLAKA 21 MAY 2013.**

Mphathi wohlelo;
UNgqongqoshe wamaPhoyisa umfwethu uNyambose;
IMeya yesiFunda uThukela uKhansela Mazibuko;
IziMeya zaseMtshezi naseMbabazane oKhansela uDlamini noStrydom;
Amakhansela wonke akhona;
Abaholi bonke abamele amaqembu epolitiki;
Abamele izinhlaka ezahlukene zomphakathi abakhona;
Abombutho wamaphoyisa nazo zonke izinhlaka zokugcinwa komthetho;
Bonke abakhona okungenzeka bangabi semaqenjini kodwa abakhathazekile ngokuthula;
Ngiyanibingelela nonke ngithi sanibonani!

Masiqale ngokubonga kunina nonke ukuthi namukele isicelo sethu sokunimemela kulo mkhuleko esiwuthatha njengobaluleke kakhulu emkhankasweni wethu wokugcina ukuthula nokukhuthaza ukubekezelelana kwezepolitiki ikakhulukazi kule ngxenye yesifundazwe.

Ukuhlangana kwethu lapha namhlanje kuwumphumela wemizamo esilokhu sayiqala kusukela ngo-March ka-2011 ngenkathi uHulumeni wesifundazwe ethula uhlelo lokugcizelela ukubaluleka kokubekezelelana kwezepolitiki esifundazweni sakithi ngesikhathi sokhetho loHulumeni basekhaya olwalungoMay nangemuva kwalo.

Lokhu kwakulandela ukubona izigameko zokusatshiswa nokubulawa kwabantu okwakubonakala kungase kwenze singabi nokhetho olukhululekile.

Sizokhumbula-ke ukuthi lapho savumelana ngokuthi kusungulwe ikomiti elihlanganisa wonke amaqembu epolitiki, u-IEC nobuholi bendabuko nobezenkolo.

Amaqembu abe esezibophezela kabusha emgomweni wokuziphatha ngokhetho esithi i-Electoral Code of Conduct. Azibophezela ekukhuthazeni ukubekezelelana kwezepolititki, ukuthula nenkululeko yokuzikhethela nokuzihlanganisa neqembu lepolitiki olithandayo ngesikhathi sokhetho nangemuva kwalo.

Ikomiti labe selibeka phambili izindawo ezithile lapho kunesidingo esiphuthumayo sokuba uHulumeni angenelele kuzona ngenxa yomsindo nezinxushunxushu ezibangelwa ukhetho. Lezo zindawo zazihlanganisa uMtshezi/ Mbabazane, Ulundi/ Nongoma, uMaphumulo/ Mandeni, Msinga/ Greytown bese kuba amahostela aseThekwini.

Nangempela-ke lwadlula ukhetho sabona abantu baKwaZulu-Natal namaqembu epolitiki ikakhulukazi balapha eMtshezi naseMbabazane bakhombisa okukhulu ukuvuthwa kwezepolitiki. Saze senza nemicimbi lapho sasihlangana nabamabandla ezenkolo sikhuleka sibonga nokuthula kulezi zindawo esengizibalile.

Ngenxa yalokhu, neKhabhinethi yaKwaZulu-Natal yaze yakhipha isinqumo sokuthi leli komiti liqhubeke nomsebenzi walo ukuze kuqiniswe intando yeningi esifundazweni sethu.

Phela sasazi futhi ukuthi njengoba le mikhandlu yayisiqalile ukusebenza kwakusazolokhu kuba nezinketho zokuchibiyela uma kwenzeka kubakhona odlulayo emhlabeni noma abanye sebeya kweminye imikhakha yempilo.

Kodwa esasingakwazi yilokhu kokuthi abantu baseMtshezi/Mbabazane basazobuye basiqubukele esiswini njengotshwala, babone ukuthi kuyo yonke lento esiyenzayo siyabheda. Babona ukuthi bona kusadinga bazilibazise ngokulwa, babulalane esikhundleni sokubhekana nokulethwa kwentuthuko ezindaweni ekade zayilindela.

Sasingazi ukuthi ngemuva kweminyaka emibili kwadlula ukhetho lomasipala thina sisayobe sisakhuluma indaba yokuthi eMtshezi naseMababazane kusenabantu abangafuni ukuhlonipha intando yeningi, bamukele ukuthi uma umuntu esekhethiwe usuke esephethe nalabo abangamkhethanga, okumele abahloniphe nabo futhi bamhloniphe.

Sasingazi ukuthi abantu balapha sebengaphelelwa Ubuntu kangangokuthi umuntu ukwazi ukugiya ngokufa komunye umuntu ngoba kuzovuleka ithuba lokhetho lokuchibiyela. Sikhuluma ngokufa komuntu lapha okusuke sekusele izintandane nabantu abaningi abasuke besizakala ngokuphila kwakhe.

Manje-ke esiyaye sizibuze kona thina ngukuthi ababoni yini abantu ukuthi ekugcineni ngempela akekho umuntu ozuzayo ngokuphehla udlame bese kufa abantu? Siyaye sibuze ukuthi ukhona yini umuntu ongazishaya isifuba ngokuthi uzuze izidumbu, amagqubu nenzondo okudalwa wudlame?

Lapha nje eMtshezi naseMbabazane sekubulawe abantu abaningi abangabaholi bamaqembu nabanye abangamalungu. Abanye sebesinde belalelwe unyendle bedutshulwa, kanti abanye sebephila ngokusatshiswa nsuku zonke. (list of cases attached)

Siyabonga ukuthi namhlanje uNyambose usefikile naye wazozibonela isimo, okuhlanganisa nokubheka ukusebenza kwamaphoyisa kanye nokusebenzisana phakathi kwawo nomphakathi ukuqinisekisa ukuthi ziyaboshwa izigilamkhuba.

Kuhlale kusikhathaza ukuthi nakuba bekhona ababoshwayo ngezinye zalezi zigameko, kodwa abanye bagcina bekhishwe phambili enkantolo. Siyacabanga ukuthi ukuqiniswa kwezinkundla ezinjengalena yanamhlanje kuzosiza nasekukhuthazeni abantu ukuba baphumele obala nobufakazi obungasiza izinkantolo ukugweba abenzi bobubi.

Esikhathini esedlule leli komiti lamaqembu epolitiki lathola ukuthi kwezinye izindawo izigameko zokubulawa okubonakala sengathi zixhumene nezepolitiki, okusempeleni kuba ubugebengu nje esibhekana nabo nsuku zonke esifundazweni sethu.

Ngakho-ke nanjengoba sihlangene lapha namhlanje siyanxusa kubaholi bamaqembu epolitiki kuwo wonke amazinga ukuba baqaphele bakugweme ukwenza izitatimende ezizokwakha isithombe sokuthi ukubulawa komuntu othile kuhlobene nepolitiki kanti cha, bese kuze kube nomthelela ophenyweni lwamaphoyisa.

Nezigebengu ziyalisebenzisa phela ithuba uma kukhona ukungabekezelelani kwezepolitiki.

Okokugcina, siyanxusa-ke ukuthi lo mhlangano ube isiqalo sendlela eya phambili ukuqinisekisa ukuthi kunozinzo kule ndawo ukuze siphuthumise izidingo zemiphakathi okumanje idinga kakhulu intuthuko.

Ngalawo mazwi sithi kuyisifiso sethu ukuba siphume lapha siphethe into ebambekayo esizoyisho kubalandeli bamaqembu ethu kanye nomphakathi wonke. Asikho isikhathi esingcono kunalesi manje.

**Ngiyabonga.**